



**UNKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMCIMBINI WOKWETHULWA KWEKZN-PTPA EMPANGENI NGOMGQIBELO
MHLAKA 13 OCTOBER 2007.**

Nginyanibingelela nonke

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzibophezele ekusebenzeni ngendlela evumela abantu ukuba bazinqumele ukuthi yiziphi izidingo okumele zibekwe phambili, noma kwezokuthuthwa komphakathi noma kwezokuphepha emgwaqeni noma ekwakhiweni kwemigwaqo.
- Ngokubona ukuthi esikhathini esiningi abagibeli basala ngaphandle ekuthathweni kwezinqumo ezithinta ukuthuthwa kwa bo, uMnyango ube ususungula ososeshini babagibeli amaPublic Transport Passenger Association ukuze kugququzelwe ukubandakanywa kwemiphakathi ekulethweni koguquko emkhakheni wezokuthutha.

- Kungalesi zathu sihlangele lapha namhlanje ukuzogcoba ngokomthetho isakhiwo sesifundazwe, iKwaZulu-Natal Public Transport Passenger Association. Isakhiwo sesifundazwe siza ngemuva kokusungulwa kososeshini bezindawo asebeqalile ukusebenza esifundazweni sonke.
- Ngifuna ukugcizelela ukuthi lo soseshini wesifundazwe nososeshini bezindawo yizona zinhlaka ezisemthethweni esizaziyo njengohulumeni nembali yezokuthutha. Lezi yizakhiwo ezimele bonke abasebenzisi bezithuthi zomphakathi esifundazweni futhi zisebenza ngokula wulwa umthethosisekelo wazo.
- Njengohulumeni, asizikhohlisi nakancane ngomsebenzi osihlalele wokuqinisekisa ukuthi uhlelo lwezokuthuthwa komphakathi luhamba ngendlela elandela imigomo kazwelonke futhi lube negalelo ekuthuthukisweni nokukhuliswa komnotho.
- Ngenkathi sethula ngokomthetho uhlelo lwenyanga yezokuthutha iTransport Month esifundazweni ngeviki eledlule, besigcizelela nokuzibophezela kwethu ekwakhiweni kohlelo lwezokuthutha olubhekelela ngokuphelele izidingo zabantu bakithi.
- Ezokuthuthwa komphakathi zingathuthuka kuphela uma sisebenza ngokubambisana. Nakuba kuyiqiniso ukuthi uhulumeni unomsebenzi wokubeka imithetho elawula imboni nokuqinisekisa ukuthi imigomo iyalandelwa, imiphakathi nayo kumele iqinisekise ukuthi abanikazi bemboni basebenza ngendlela evumelana nabagibeli.

- Njengoba siyisifundazwe esibuye sihlaselwe udlame lwamatekisi, njengoSoseshini wabagibeli kuzomele nibe negalelo elikhulu ekudaleni ukubuyisana nokuthula. Kuzomele nigqugquzele ukuphepha kwabagibeli nenze ngcono ubudlelwane phakathi kwemboni nomphakathi wonkana.
- Izithuthi zomphakathi ziyisithako esibaluleke kakhulu ekukhulisweni nokuthuthukiswa komnotho njengoba kuyizona ezithutha abasebenzi bethu. Isisho sethu sokuthi ezokuthutha ziyinhliziyo yomnotho asilona iphutha, sichaza kahle iqhaza lezokuthutha endimeni yezomnotho .
- Kumele zishayelwe ihlombe izinyathelo esizithathayo njengezinhlaka ezibambe iqhaza nemiphakathi yonkana okuwumnikelo uhlelweni lokwenza ngcono ezokuthuthwa komphakathi. Yebo, zisekhona izinselelo ezingasisabisa, kodwa umsebenzi uzoqhubeka njengoba kufanele.
- Bakwethu, njengoba sekushiwo, lo mcimbi uhambisana nokugubha iminyaka emihlanu kwasungulwa iPublic Transport Enforcement Unit (PETU), eyaziwa kakhulu ngomkhankaso wayo ka-Operation Shanela. Okusempeleni namhlanje sibungaza impumelelo lolu phiko oselube nayo kusukela kwasungulwa eminyakeni emihlanu edlule.
- Kuyaziwa phela ukuthi ukusebenza kwePETU sekukhuthaze abantu ukuthi balungise amaphemithi, kwaqeda abathutha ngokungemthetho, kwehlisa udlame lwamatekisi, kwehlisa ukusetshenziswa kwamaveni ekuthutheni abantu, kwagqugquzela nokugcinwa kwezimoto zisesimweni ngemikhankaso kaThathi'skorokoro.

- Uhulumeni wethu uhlale ezibophezele ekuletheni izinguquko emsebenzini wokuthuthwa komphakathi eNingizimu Afrika ukuze usimamise umnotho futhi kube nezithuthi eziphephile, ezingambi eqolo nezithembekile emphakathini. Yikho lokhu engikholwa ngukuthi kucacisa kahle ukubaluleka kweqhaza lePETU. Okusempeleni njengabagibeli, laba ngabantu okumele nisebenzisane nabo.
- Sengiphetha, mangethulele isigqoko amaphoyisa eRTI nePublic Transport Enforcement Unit kanye nobuholi boMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal. Kwesinye isikhathi kuba wumsebenzi oyingozi ukulawula abantu abangathandi. Laba ngabantu abanesibindi nezisebenzi zangempela zomphakathi. Kumele sibaxhase ngokusemandleni ethu.
- Ngigcine ngokwemukela labo abakhethelwe ukuhola abagibeli bezithuthi zomphakathi esifundazweni, ngithi siyabemukela emndenini wezokuthutha. Masiqhubeke sivikele ababuthaka bakithi.

Ngiyabonga